As199z_ Q12 _gp

AMAZWI OKUBONGA ISIZWE
SAKWABUTHELEZI
ABEKWA
NGUâ\200\224-MANGOSUTHU G BUTHELEZI
INKOSI YAKWABUTHELEZI

ZINGU 27 DECEMBER 1993 KWANONDAYANA

KuMbambeli wami uMnu Ndlovu, uBaba uMnu uGoliyade noBaba abanye abakhona neziNduna zonke =zaKwaButhelezi namaKhansela neSizwe sonke, iBandla elikhona nomama, nezintombi nezinsizwa ezikhona

nezingane.

Ngisukumela ukubonga kini Sizwe saKwaButhelezi egameni leNdlunkulu yakwaPhindangene nezingane zami ezikhona ngalolusuku esenalugopha ukuthi yusuku njalo-nje nxa kuphela wunyaka esiyohlangana ngalo kanje.

Ngiwubonga umgondo woMnumzane uNdlovu nalabo abonisana nabo

ukuthi kwakhiwe usuku okunjengalolu.

Eminyakeni engamashumi amabili nantathu ngathathwa zindaba zeZwe laKwaZulu sengehlukana neSizwe saKwaButhelezi ngendlela engilethela umunyu ngoba 1iNkosi yakwaButhelezi engizalayo yangikhetha kuBantwana bayo ukuba ngibengumelusi weSizwe sayo nesawoYise nawoYisemkhulu noKhokho bayo uma ingasekho emhlabeni. Inhliziyo vyami ayiyeki ukukhala ngokuncishwa =zindaba zeZwe ukubanani ukulungisa izinkinga zenu nokubonisana ngentuthuko yenu

njengoba nganginikwe ngumzali wami lowomsebenzi.

Lolusuku-ke lukhulu kimi ngalokho ukuba lunginika ithuba engingasenalo ukuba-nje ngosuku olulodwa enyakeni kesihlangane-nje kanjena singazodingida zinkinga kodwa sizobungazana-nje kuphela. Ngibonga ngingagedi kuMnu Ndlovu, kuBaba aphethe naye eziNduneni zonke kanye nakuMakhansela esizwe nani nonke Sizwe

enibambisene nabo ukuze lolusuku lubeyimpumelelo.

Okokugala masibonge uNkulunkulu ngalabo bethu esisekhona

emhlabeni unyaka uphela-nje sisadla anhlamvana.

Okwesibili sikhumbule labo bethu abangasekho emhlabeni ikakhulu labo abafe odlameni olukhona njengamanje neselugede abantu bakwaZulu nasezindaweni zaseGoli. Lena yingwadla enkulu esibhekene nayo esingazi ukuthi kuzogcina kwenzeke njani eSizweni sonke saKwaZulu ngenxa yayo. Siyalila nabobonke abantu bakithi

abafe kuloludlame nangezinye izingozi nangokuthathwa yikugula.

Okwesithathu siyazi ukuthi njengoba kwacelwa utswinyo ngaBanye kulelizwe â\200\224 umnotho wezwe wehlile kakhulu ezingeni kangangokuba imisebenzi kayibonwa. Ukusweleka kwemisebenzi akuhlehli kuyenyuka - futhi akukho nokuncane okunika ithemba lokuthi kungase kwehle esikhathini esifushane esizayo. Sengathi njengoba kukhulunywa kakhulu-nje ngeNingizimu neAfrika entsha abantu bazethembisa okukhulu kakhulu kunalokho umuntu angase akubheke ukuthi kungenzeka. Mina angisiye umholi oyaye anikhohlise ngezinto ezingenakwenzeka. Lona loludlame-nje olukhona alusoze lwenza ukuba abaningi abafisa ukuzofaka izimali zokudala

umsebenzi babengabungabu ekwenzeni lokho.

Ngithi kuhle sazi ukuthi sisamelwe usizi olukhulu kunalolu esinalo esicela kuMdali uNkulunkulu nasezinyanyeni zakithi ukuba

zisinike amandla okukhuphuka lowomgansa ophambi kwethu.

Ngiyaye ngithande njalo-nje ukuba ngedlule ekutheni abantu bakithi bangavumi ukuphelelwa lithemba ngenxa yalezizinto

ezinzima esibhekene nazo.

Nxa kunje khumbulani njalo amazwi ami kini njaloâ\200\224-nje ukuthi uma sisenezandla-nje ezimbili njengoba sonke sinazo singesho ukuthi sizodlani, sizokwenzenjani. 2Ziningi izinto okumele siziginise ukuzenza ngezandla zethu ezenziwa ngoDongwe, nencema, ngekhwani ngobuhlalu, ngemithungo, ngezikhumba, imvunulo, nangokubaza, nokunye esingakwenza ngezandla okungasiphilisa nxa sikuginisa. Ngakho nangaphambili ukuthi izimakethe zokudayisa 1lezizinto zikhona. Nxa-nje nizenza ngosuku olunqunyiwe njalo ngenyanga nizilethe lapha kumzala uNdlovu lapha kwaNondayana uyozedlulisela

kimi senishilo ukuthi zidayisa malini, mina-ke ngizame

ukuzedlulisela kwabangase bazithenge. Futhi nxa =zenziwa
ngobunono ngeke zibengondingasithebeni. Ziyothengwa noma

kanjani. Okunye okukhulu kunalokho yikuhlangana ngezingadi

zemifino nezokutshala konke esikhule kutshalwa ezivandeni ukuze

sidle futhi size sidayise. Ukukhwinxa kwethu imikhono silibale
yikuthi nje: 'WO SAZE SAHLUPHEKA!' lokho akunakusisiza ngalutho.
ISizulu sithi "INTENDELEâ\200\231NHLE NGEKHALA IGIJIMA'". Yilowo myalezo
engininika wona njengoyihlo wenu MASHENGE. Ukughatha umunyu

kukodwa ngeke kusisandawo.

Ngifisa ukuphetha ngokunifundela umyalezo wami engiwukhiphele

iSizwe sonke salelizwe. Nanku:-

UMYALEZO WOKUPHELA KONYAKA NOKUQALA KOMUSHA
WOMNTWANA WAKWAPHINDANGENE
UMANGOSUTHU BUTHELEZI â\200\224 UNDUNANKULU KA ZULU

Yonke iminyaka iphela nezinto eziningi ezenzeke kuyo. Nalonyaka ka 1993 kawehlukile kweminye ngokubanezinto eziningi ezenzekile

ngawo.

Kuleminyaka eyisishiyagalolunye eyedlule kuhlangene naye 1o0-1993 odlulayo, ihambe nabantu bakithi abafileyo befa ezandleni zaBantu bakubo. Ngalesizathu akukuningi okuhle esingathi kwenzekile eSizweni sakithi kulonyaka. Okubuhlungu futhi yikuthi abaningi kulabababulaweyo ngaBantu bakwaZulu abaningi babo ababulewe futhi ngaBantu bakwaZulu ngisho imbala izingane ezinezinyanga ezimbalwa kuphela zizelwe. Ngakho-ke unyaka uphela sisitshekelwe yifu elimnyama elingavumiyo futhi ukwedlula. Sibongile nxa iSilo sisikhipha ukuba siyothandazela lelishwa elengeme iSizwe kanye nobucayi obulengela iSizwe sakwaZulu njengeSizwe sakwaZulu kulesisikhathi.

Kusukela ngonyaka ka 1990 bekunamathemba amakhulu ngenkathi uMengameli ude Klerk ethi ugeda uBandlululo, ukuthi kuyothi kufika unyaka onjengalona ophelayo, bese kunokuhlanganyela amandla kwaBantu bonke balelizwe bezinhlanga zonke. Noma silizwa iHhohhomezi elenziwayo lokuthi kukhona okuthembisayo osekwenziwe yileZingxoxo zaseKempton Park, iginiso yikuthi kuze kubemanje-nje asikabibikho isivumelwano ngeSakhiwo sezwe okuvunyelwene ngaso ngazwilinye. Izivumelwano 1lezi okushaywa izigubhu ngazo

njengamanije, yilezo okuvunyelwene ngazo ngase-Mase phakathi

kukaHulumeni ne@Qembu abusa ngalo - iNational Party kanye ne ANC

(UKhongolose) exhakene ne-SACP (Amakhomanisi).

-4 B

Lokhu okuthiwa kuvunyelwene ngakho kwakhiwe yilamaâ\200\224-Qembu omabili

kwashayelwa ihlombe yiQembu le Democratic Party, kanye namaQembu

ayumbimbi lweANC - abizwa ngokuthi yi-PATRIOT FRONT.

Kusukele ngo-1991 kugala ukuxoxisana sabona iSizwe saKwaZulu
neNkosi vyaso yoHlanga sighubukushwa sikhishelwa ngaphandle
ekugaleni kuka KODESA. Ukuba uKODESA akafanga ngenkathi udutshwa
yi ANC namaKhomanisi ngabe waze waphetha uZulu engamelwe kuwo

neSilo futhi singamelwe.

Kuze kwalapho sekugala khona lokhu ukuxoxa kwamuva - okugale ngo-â\200\224
March nonyaka lapho ithimba elimele iSilo noHulumeni waKwaZulu
ngasisa ezingxoxweni ngenkani. Ngeshwaâ\200\224-ke nakho-ke lelithimba
laKwaZulu, neZinhlangano ezifana neNkatha Freedom Party (IFP) ne
CP sezize =ziphuma ezingxoxweni ngoba ezazithi ziyakubeka

ezingxoxweni kushaywa indiva konke.

Lokhu kwenzeke noma sazama ukughubeka nokuxoxa nethimba lika-ANC
kanye nelikaHulumeni. Engiloba lomyalezo namanje phezu
kokukhishwa kwethu inyumbazana, lokhu sizame njalo-nje ukuba
sicele ukuba basihlangabeze ngodaba lweSakhiwo seZwe lesi
okuthiwa ngeSESIKHASHANA ngoba kwawona umgondo ka Sikhashana
asihambisaninawo. Noma kuxoxwa kakhulu kalikho ithemba lokuthi
kungakhona ngempela ukuhlangabezana ngoba labo esithi
kabasihlangabeze babonakala bengazimisele ukukwenza lokho ngenxa

yezithwethwe abazibekayo noma ngabe sibekani.

Yingakhoke ngithi-nje konke lokhu esengikuchazile kwenza elinye
futhi ifu elimnyama elisilengelayo emakhanda njengezakhamizi
zalelizwe. Kunokuba ithemba ngekusasa lalelizwe likhule,

kuyadabukisa ukuthi lincipha nsuku zonke.

G

Ngenkathi kuphethwa iSakhiwo seZwe yilawomagembu nezinhlangano

ebezixoxa laphayana eKempton Park, zenze ezibukwayo nxa

lesifundazwe esikuso lapha KwaZulu/Natal siguqulwa kungekho

noyedwa omele elaKwaZulu neNatal ngenkathi kwenziwa lokho sekuthiwa nalendawo yombuso weSilo waKwaZulu, kususwa-nje nhlobo ukuthi kukhona indawo ebizwa ngokuthi ku ’"KwaZulu’ esakhiweni

sezwe selokhu sangotshwa lendawo ibibizwa kanjalo.

Lezizinto ngizibona zishubisa isimo sokubhekana ngeziqu zamehlo sikhuphukela ezingeni lapho singasenakungandwa muntu. Kalukho uzuthu olwedlule lento eyenziwe eSilweni nakuMaZulu ngama Qembu

abexoxa e Kempton Park ehlangene noHulumeni ka De Klerk.

Ngakhoke lonyaka uphela nezinyembezi eziningi zokubulalana nezokuchuma kwezinto ezingase zibasele lembiza yokubulalana ukuba ibile kakhulu kubhekwane ngeziqu zamehlo ngezinga elingaphezu

kwaleli esibhekene ngalo kuleminyaka edlule nango 1993 imbala.

Ngakhoke esingakwenza yikho ukubeka kuNkulunkulu iZwe lakithi nabantu bonke balelizwe ukuba, uNkulunkulu asisize ukuba lesisimo engikhuluma ngaso singandeke - ngoba lelizwe ngeke lize libeyilokho uNkulunkulu ayelenzele ukuba libeyikho kanye naBantu balo bonke. Njengoba kulesisikhathi sizalelwe iNkosi yokuthula kasethembe ukuthi nxa sibonga lesosipho ukuthi nayo iNkosi yokuthula njengoba izelwe - nje sengathi ingazalelwa nasezinhliziyweni zabobonke abaholi bezinhlangano zonke ezikulelizwe. Kuphele ukulambela amandla nokufisa ukufohloza abanye ukuze umuntu afinyelele emandleni. Noma sekweqge isikhathi kangaka siyazi ukuthi kuNkulunkulu akukho okungathiwa sekwedlulelwe yisikhathi. Kodwa sÂ®ngikusho konke lokho ngithi kasilindele noma yini noma ngabe inzima kangakanani noma kuyintando kaNkulunkulu ukuthi yenzeke. Kasikhumbule amazwi ayo iNkosi ezelweyo ukuthi nxa isitshenwa ukuthi isiya eMngamlezweni

yathi:

ks

"BABA UMA UTHANDA, SUSA LESISITSHA KIMI; NOKHO MAKUNGENZIWA INTANDO YAMI KODWA EYAKHO’".

Kuningi phela nokuhle okumele ukubongwa njengeNetha le iSilo

esithe asiyoyibonga ezintabeni mhla ka 16 December.

Kuningi futhi iNkosi esenzela khona ngabanye. Asingaxhoshwa

yilamafu amnyama asengemeyo kasibonge nokuhle iNkosi esibusise

ngakho enyakeni ophelayo.

Ngalamazwi ngifisela iSilo njengenhloko yeSizwe lesi esilengelwa yilobubucayi esengikhulume ngakho, amandla avela eNkosini okubhekana nezinselelo iSizwe saKwaZulu esizobhekana nazo njengoba unyaka ugala. Ngifisela iNdlunkulu yonke ubunye nxa bungekho neSilo esingeke simelane nokuvivinywa kukaZulu. Ngifisela AMAKHOSI izinsika ubukhosi beSilo obusekelwe yizo, ubuhlakani nesibindi sokuthwala lomthwalo. Ngifisela iSizwe sonke amandla okugondana nggo nezinselelo ezinzima ezizwakala

ziseduzane.

Masazi sonke iSizwe ukuthi akukho ubuhlakani obedlula ukwesaba uNkulunkulu eSizweni sonke saseNingizimu neAfrika ngisifisela unyaka ongcono ngo 1994. Abaholi bazozonke izinhlangano ngibafisela ubugotho nokwenyanya ukubaNgogwambela kwesakhe. Bakithi noma kuphi lapho nikhona Okumhlophe kodwa.